## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha lineziqephu EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfushane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini ngasinye.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe (checklist) ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

10. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.


| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu*** | | |
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **IMIBUZO** | **IKHASI** |
| 1. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | Umbuzo omfishane | 5–6 |
| | | |
| 2. *Umshado* | Umbuzo omfishane | 7–8 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu*** | | |
| 3. *Ababulali Benyathi* | Umbuzo omfishane | 9–10 |
| | | |
| 4. *Isiko Nelungelo* | Umbuzo omfishane | 11–12 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.*** | | |
| 5.1 *Ilobolo* | Umbuzo omfishane | 13–14 |
| | | |
| 5.2 *Umunwe* | Umbuzo omfishane | 14–15 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>***Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulesi siqephu*** | | |
| 6.1. Inhlansi Yakho Thuli | Umbuzo omfishane | 16–17 |
| | | |
| 6.2. Kwamfaz' Ongemama | Umbuzo omfishane | 18–19 |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe (Checklist):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A-INOVELI (Imibuzo emifishane) | 1–2 | | |
| **NOMA** | | | |
| B-UMDLALO (Imibuzo emifishane) | 3–4 | | |
| **NOMA** | | | |
| C-IZINDABA EZIMFISHANE (Imibuzo emifishane) | 5 | | |
| **NOMA** | | | |
| D-IZINKONDLO (Imibuzo emifishane) | 6 | | |
| **Qaphela:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

Ngelanga lomcimbi, uManyoba noMaNdlovu bagqoka babahle **ngezikanokusho** izingubo lezi. Umcimbi waqala ngehora leshumi ekuseni. Umphathi womcimbi wawuqalisa kahle kakhulu ngokuhlalisa wonke umuntu kahle. Kwavulwa ngomthandazo maqede **kwahlalwa ohlelweni**.

Ubaba ukhuluma njenge sitatanyiswa: 'Okubhalwe eBhayibhelini encwadini yokuqala kaMalaki, evesini lesithupha kuya kwelesikhombisa; kuthi: Indodana idumisa uyise, nenceku inkosi yayo; uma nginguyise, kuphi ukudunyiswa kwami? Uma ngiyinkosi, kuphi ukwesatshwa kwami? Usho njalo uJehova Sebawoti kinina baPristi enilidelele igama lami. Nokho nithi: Silidelele kanjani igama lakho na? Ngokunikela ngesinkwa esingcolileyo e-altare lami. Bese nithi: sikungcolise ngani na?'

'Mhlawumbe nezingane zami zibuza lowo mbuzo kimina ngendlela ezasiphatha ngayo nonina **sesiphelewe amandla okuziphilisa**. Ngijabula kakhulu ngoba nazo izingane zami zikhona la kulo mcimbi. Angizuzihleba zizozizwela.
Angiyena uJehova kodwa thina sikhule sazi ukuthi ubaba nomama oNkulunkulu bakho basezweni, bakukhulise kahle bese kuthi uma bengesenamandla kube nguwena obanika ukudla kuze kufike izinsuku zabo zokuya kuMdali wabo. Ezinganeni zami akubanga njalo, zabona ukuthi kungcono ukuba zisehlukanise nonina singahlali ndawonye. Okwahlanganiswa nguNkulunkulu kuhlukaniswa nguye futhi. Zasehlukanisa izinyanga ezine izingane zethu, zehlukanisa abantu asebehlale ndawonye iminyaka engaphezu kwamashumi amathathu nanhlanu. Ngazikhulisa ngezwi leNkosi lezi zingane. Liphi izwi leNkosi kulesi senzo sazo?'

1.1 Ngowani lo mcimbi obanjwe lapha? (1)

1.2 Kwakungubani umphathi wohlelo walo mcimbi? (1)

1.3 Waqala ngasikhathi sini lo mcimbi? (1)

1.4 Wavula yiphi incwadi eBhayibhelini uManyoba ngesikhathi esethula inkulumo? (1)

1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Amadodana kaManyoba anquma ukuthi umzali ngamunye wayezohlala izinyanga ... nendodana ngayinye.

A Ezine
B Ezimbili
C Ezintathu (1)

1.6 Bhala izindawo EZINTATHU uManyoba ake asebenza kuzona ngesikhathi esasebenza. (3)

1.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

1.7.1 Ngelanga lomcimbi, uManyoba noMaNdlovu bagqoka babahle **ngezikanokusho** izingubo lezi. (2)

1.7.2 Kwavulwa ngomthandazo maqede **kwahlalwa ohlelweni**. (2)

1.7.3 Mhlawumbe nezingane zami zibuza lowo mbuzo kimina ngendlela ezasiphatha ngayo nonina **sesiphelewe amandla okuziphilisa**. (2)

1.8 UManyoba wayeyindoda eqotho. Bhala amaphuzu AMATHATHU asekela lo mbono. (3)

1.9 Chaza ukuthi wayephatheke kanjani uManyoba ngenkathi ehlala kwandodana yakhe uMjwayeli. (2)

1.10 Chaza ngokwenzeka esiteshini eMnambithi ngesikhathi uManyoba ehlangana nonkosikazi wakhe bevela emizini yamadodana abo. (2)

1.11 Bhala imizamo eyenziwa yilawa madodana kaManyoba alandelayo ukuzama ukuthola yena nonkosikazi wakhe ngesikhathi bengatholakali esiteshini:

1.11.1 UMjwayeli. (2)

1.11.2 UMduduzi. (2)

1.11.3 UFanyana. (2)

1.12 Ngamaphuzu AMABILI chaza ukuthi uManyoba wazijezisa kanjani izingane zakhe ngokumphatha kabi kwazo. (2)

1.13 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala isifundo ositholile ngokufunda le ndaba. (3)

1.14 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uManyoba akalilungiselelanga ikusasa lakhe nonkosikazi wakhe? Sekela impendulo yakho. (3)
**[35]**

**NOMA**

## UMBUZO 2: *UMSHADO* – N Zulu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

'Bengimtshelile futhi lo sisi ukuthi ngifuna ukuxoxa naye. Kufanele ame uma edlula lapha,' kukhuluma uBhekani ezinika ithemba. Asondele uBhekani. Asondele noTholi nomuntu wakhe. Bahlangane. Kubingelelwane. Kwedlulwane. **Ziyime emthumeni** kuBhekani. UTholi nomlisa bedlule sengathi abakaze bambone.

'Ngizokwenzenjani?' UBhekani ozibuza lowo mbuzo. 'Angijike ngibalandele kancane.' Nangempela bathi bethi sithe oTholi, wayejika ngokushesha uBhekani. Walandela uTholi nomlisa lowo. Imxake le nto uBhekani. Bayazana laba bantu. Bayaxoxa futhi baze bahleke benjalo nje. Alandele nokho. Uthe ebona wayesalela manje uTholakele. Angazi uBhekani noma sebembonile yini, bafuna ukumxosha. Alandele. Kokunye le ndoda iyolanda isikhali manje. UBhekani ocabanga lokho. **Ahole izinyawo** manje uBhekani. Amehlo akhe abe elokhu **entshontsha** uTholakele. Uthe evusa ikhanda wabona uTholakele emqhweba. Ajabule kuthi inhliziyo ayiphume ngomlomo kuBhekani.

'Ngiyabona ukuthi sewesaba ukungimisa ngoba ngihamba noZenze.'
'UZenze waphi yena lowo?'
'Owalapha ngiqashe khona Bhekani.'
Amangale uBhekani ebona ukuthi igama lakhe alikhohlakele.
'Uphuma ngalesi sikhathi njalo emsebenzini?'
'Cha. Kodwa kusasa ngisazophuma ngaso lesi sikhathi.'
'Injongo yami ukuthi sihlale phansi sixoxe Tholakele. Kusukela ngikubonile ngibe nesifiso sokuxoxa kabanzi nawe.'

'Asenze nje Bhekani. Namhlanje ayikho into esingayixoxa ngoba bengingazi ukuthi uzongivakashela.' Adumale uBhekani.

2.1 Bahlangana kuphi oBhekani noTholakele okokuqala? (1)

2.2 Yini eyenza uBhekani angaboni ukuthi uTholakele ungumfelokazi nakuba ayegqoke izingubo ezimnyama? (1)

2.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

UTholakele:

A Wayenengane eyodwa.
B Wayenezingane ezimbili.
C Wayengenazo izingane. (1)

2.4 UBhekani wayengazi lutho ngemvelaphi (background) kaTholakele. Bhala amaphuzu AMABILI asekela lokhu. (2)

2.5 Bhala amaphuzu AMABILI ayenza kube nokungezwani phakathi kukaBhekani nomama wakhe mayelana nokuganwa/ukushada kukaBhekani nguTholakele. (2)

2.6 Ngamaphuzu AMABILI bhala usho ukuthi uBhatomu wayeluphazamisa kanjani uthando lukaBhekani noTholakele. (2)

2.7 Bhala izinto EZIMBILI ezimbi uBhekani ayezibona ngoTholakele ocabanga ukuthi kwakumele zimenze angabe esashada naye. (2)

2.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

2.8.1 **Ziyime emthumeni** kuBhekani. (2)

2.8.2 **Ahole izinyawo** manje uBhekani. (2)

2.8.3 Amehlo akhe abe elokhu **entshontsha** uTholakele. (2)

2.9 Kuwona wonke amaphupho kaBhekani yimaphi AMABILI acacisa/abonisa ukuthi ubaba wakhe akamfuni uTholakele njengomakoti wakwakhe? (2)

2.10 UBhekani akakwazanga ukujabulisa umndeni wakhe nokufeza izifiso zikababa wakhe. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.11 UBhekani wayekwazi ukonga imali. Bhala amaphuzu AMABILI asekela lo mbono. (2)

2.12 Umalume kaBhekani ungumuntu odubayo (give up) uma into ingahambisani/ ingavumelani naye. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI asendabeni. (2)

2.13 Kuningi okwenziwa nguBhekani okungahambisani nesiko. Bhala amaphuzu AMABILI asekela lo mbono. (2)

2.14 UZenze noTholakele benza uBhekani isilima ngezindlela eziningi. Bhala amaphuzu AMABILI asekela lo mbono. (2)

2.15 Ngokwakho ukucabanga yini eyayenza uBhekani enze izinto ezazingahambisani nokwakulindelwe ngabazali bakhe nomphakathi waseNyawushane kuyena? (3)

2.16 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi ubudlelwano bukaPamela noTholakele bunobugebengu? Sekela. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 3: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

(*Emzini weKhansela, uDuma. UDuma uhleli esigcakini nomkakhe uMaShezi, bayaxoxa.)*

MaShezi: (*uyahleka, ushaya izandla sakubabaza*) He! He! He! Mina lo MaShezi, sengingumama oyinkosikazi yekhansela! Bonke abafazi bale ndawo sebengibingelela sengathi babona inkosikazi yenkosi. *(aphinde ashaye izandla*) Hhawu! Hamba mzabalazo!

Duma: (*emamatheka*) We! Nina bafazi nijatshuliswa wubala ngempela. Nifana ncimishi nezingane.

MaShezi: (*ebuka umyeni wakhe emehlweni*) Ha! Ha! Ubani ongayeka ukujabula esesimweni esifana nesami. Uthi wubala baba uqala ukuhola le mali osuyihola? Angithi ngikhuluma nje usuyakhulekelwa wena.

Duma: (*ubuso bushintshe buhwaqabale*) MaShezi! Lokho-ke yikho okungihluphayo. **Osibhincamakhasana** bayasho ukuthi inkosi yendawo uShandu, akeneme futhi ukubeka kucace ukuthi mina sengicabanga ukuthi sengiyinkosi. Eqinisweni angazi ukuthi inkosi ikhathazwa yini ngoba mina ngakhethwa ngabantu. Angiyona inkosi, kodwa yimi olawula intuthuko yalapha endaweni yakithi.

MaShezi: Amakhosi **aphelelwe yisikhathi** manje. Phela intando yeningi iphoqa ukuthi abaholi mabakhethwe ngabantu. Inkosi yakhethwa nini-ke yona? Suka lapha! Musa ukulokhu ucabangana nabantu abatatazeliswa **ngukuchithwa yisikhathi**.

Duma: Kuzocaca maduze nje ngoba izinhlelo zentuthuko sezizoqala kungekudala. Kufanele ngihlele imihlangano yomphakathi kodwa mina ngeke ngilokhu ngiyotatazelela inkosi ngicelana nelungelo lokubiza imihlangano. Angithi yona ifuna ukubikelwa, incengwe ngisho umuntu ezokwenza idina lodwa leli.

3.1 Unasikhundla sini uDuma kule ndawo? (1)

3.2 Ngubani isibongo senkosi yale ndawo? (1)

3.3 Kulesi siqeshana esingenhla caphuna umusho oshiwo nguMaShezi okhuthaza uDuma ukuthi angayihloniphi inkosi. (1)

3.4 Yisiphi isizathu esenza kube nokungezwani phakathi kukaDuma nenkosi? (2)

3.5 Ngokwalesi siqeshana ukuphi umehluko phakathi kukaDuma nenkosi? (2)

3.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Kulo mdlalo uMbandlwa uvezwe njengomelekeleli:

A Ongumqhathi
B Ongumlamuli
C Ongenalusizo (1)

3.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

3.7.1 Amakhosi **aphelelwe yisikhathi** manje. (2)

3.7.2 Musa ukulokhu ucabangana nabantu abatatazeliswa **ngukuchithwa yisikhathi**. (2)

3.7.3 **Osibhincamakhasana** bayasho ukuthi inkosi yendawo uShandu, akeneme futhi ukubeka kucace ukuthi mina sengicabanga ukuthi sengiyinkosi. (2)

3.8 Bhala amaphuzu AMABILI abekwa yinkosi uShandu nenduna yayo uDlamini okuyiwona enza bangahambisani nentuthuko ezolethwa nguDuma. (2)

3.9 UDuma ukhombise ukungayihloniphi inkosi ngezindlela eziningi. Bhala izenzo EZIMBILI zikaDuma ezikhombisa ukwedelela kwakhe inkosi. (2)

3.10 UMaShezi uvezwe njengomlingiswa othathela izinto phezulu, akazicabangisisi izinto ngaphambi kokuzenza. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (4)

3.11 UDuma nenkosi banamakhanda aqinile. Sekela lo mbono ngokucaphuna amaphuzu AMABILI emdlalweni. (4)

3.12 Kuvamile ukuthi uma kunodlame kube nabantu abaningi abashonayo ngenxa yokwethembeka kwabo kubaholi bamaqembu abawesekayo. Chaza ukuthi kulo mdlalo ngubani owashona ngenxa yokwethembeka kwakhe kumholi wakhe. (3)

3.13 Ngokwakho ukucabanga ukuxolelana kukaDuma nenkosi uShandu kwaba namthelela muni esimweni senhlalo kule ndawo? (3)

3.14 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abantu bakule ndawo bayakuthanda ukulwa? Sekela. (3)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 4: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

*(Kusendlini enkulu. Kuhleli uZungu noMaMbatha bayaxoxa)*

MaMbatha: Sengathi wahamba kahle umngcwabo womfana.

Zungu: Cha nami ngibona sengathi wabamuhle. Ngamangazwa ubuningi babantu nje, kanti umfana ubesemncane.

MaMbatha: Lisho uliphinde. Kusobala ukuthi lo mfana **ubengumuntu wabantu**. Okubi nje ukuthi ushiye ingane yabantu isencane.

Zungu: Impela **ukufa kusikhombisile ukuthi kulinuku**. Le ngane encane kangaka izoba yini nje manje? Kodwa uthi ngeke ivele isuke ibuyele kubo?

MaMbatha: Ingakwenza kanjani lokho? Phela isingumuntu walapha ekhaya. Uma iya kubo ingahamba ngokuvakasha kuphela.

Zungu: Le nto ngike ngayixoxa nomakhelwane naye nokho akangisizanga okutheni. Into kuphela engibone sengathi isemqondweni wakhe ukuthi siyidedele ingane uma ifuna ukubuyela ekhaya.

MaMbatha: Uyabona Manzini, ungavumi ukulawulelwa amanye amadoda izindaba zomuzi wakho. Le ndaba **ibucayi kakhulu**. Phela umalokazane walapha ekhaya lo uhlanganiswe namadlozi akoNyamakayishi. Bangathini-ke bona esehamba kalula nje?

Zungu: Usho kanjalo nkosikazi?

MaMbatha: Qaphela impela Manzini. Sengathi uzosilandela ulaka lwabaphansi. Mina ngibona le ngane kufanele ibe ngumuntu walapha ekhaya unomphela.

Zungu: Kodwa singakwenza kanjani ukuthi umalokazane emncane kangaka abe owalapha ekhaya unomphela.

MaMbatha: Kuzoboniswana phela. Akhona namasiko ayesiza uma umuntu eshonelwe yindoda esemncane.

Zungu: Yiliphi-ke lelo siko?

MaMbatha: Phela kungabhekwa kubo abafana balapha ekhaya.
Kokunye ukhona ongavuma ukuthatha isikhundla sikamkhwenyana.
(*Kuthuleke besabukana*) Angithi uyalazi lelo siko baba?

Zungu: Ngiyalazi impela. Kodwa uthi ukhona lapha ekhaya ongavuma lelo siko? UDumisani ngibona sengathi usemncane mina.

4.1 Bhala igama lendodana yakwaZungu esaphila. (1)

4.2 Ngubani udadewabo kaThenjiwe? (1)

4.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isithakazelo sakwaZungu:

A UGwabini
B UManzini
C UMenziwa (1)

4.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile ngezansi njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

4.4.1 Impela **ukufa kusikhombisile ukuthi kulinuku**. (2)

4.4.2 Kusobala ukuthi lo mfana **ubengumuntu wabantu.** (2)

4.4.3 Le ndaba **ibucayi kakhulu**. (2)

4.5 Bhala izizathu EZIMBILI ezinikezwa nguThenjiwe ezenza angafuni ukungenwa nguDumisani. (2)

4.6 UZungu uyamthanda futhi akafuni aphatheke kabi umakoti wakwakhe. Bhala amaphuzu AMATHATHU asekela lo mbono. (3)

4.7 UMaMbatha ungumama onenhliziyo embi. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU atholakala kulo mdlalo. (3)

4.8 Abazali bakaThenjiwe bahlonipha kakhulu amasiko kunamalungelo. Bhala iphuzu ELILODWA elisekela lokhu. (2)

4.9 UNondumiso noMaMbatha babengazwani. Xoxa ngodweshu olwake lwaba khona phakathi kwabo. (2)

4.10 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala okubalulekile ngengxoxo eyaba phakathi kukaSipho noThenjiwe ngesikhathi uThenjiwe emvakashele ejele. (3)

4.11 Ukufa kukaSipho kwaba namuphi umthelela/umphumela empilweni kaThenjiwe? Chaza. (2)

4.12 Chaza ukuthi ukuphoqwa kukaDumisani ukuthi ashade noThenjiwe kwamphuca/kwalithatha kanjani ilungelo lakhe lokuzikhethela unkosikazi. (3)

4.13 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

4.14 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uDumisani uyabahlonipha abazali bakhe. Sekela. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

## IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; umbuzo 5.1 nombuzo 5.2.

## UMBUZO 5: *ILOBOLO* – S Zimema

5.1 Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

'Kulungile. Akahlalele kulelo themba lakhe aze ayofa njengoba esihlalise ethembeni kwaze kwafa omunye nje. 'Elami lithi, ngeke ngize ngifake ngisho elimnyama isenti. Ningamelekelela nina uma ninemali eningi. Lo muntu sisanda kumnikeza inqwaba yemali. Akasebenzise yona. Ukuba wayidedela ingane yakhe, ngabe asihluphani ngalutho nale ndoda. **Bengizozithwala** ngikhulul eke izindleko zomngcwabo. Bengingeke ngimeme omunye umuntu.'

'Ndodana,' kusho uyise, 'izinyanga ezine ziningi kakhulu kumuntu owadilizwa emsebenzini. Ziningi izikhala esezagcwaliswa yileyo mali. Engikwaziyo wukuthi kwaphela yona imali kwasala izikhala. Mhlawumbe yaphela ngesonto lokuqala nje. Khohlwa yileyo mali.'

'Yindaba yakhe leyo. Angingeni ndawo mina kuleyo nto. Inhliziyo yami ibuhlungu kabi ngokulahlekelwa kabili. Ngilahlekelwe yimali engiyisebenzele kanzima, ngayipha umuntu ovele wagodla ingane yakhe. Wangibamba umuntu, engafuni ukungikhululela yona. Manje sekudingeka ngiphinde ngimuphe enye futhi, ngimngcwabele ingane yakhe? Kanti ngiyimayini yini mina? Kanti abanawo yini umndeni laba bantu? Yini angakhulumi nomndeni wakhe umelekelele uma ehluleka? Akakhulume nomndeni wakhe yena, ahlukane nami. Kuthi angivele ngimtshele ukuthi sengiyayidinga kwaleyo mali yelobolo engakuyena. Kuthi angiyoyilanda ngoba ayizange yenze lutho, kwaba umnikelo nje. Angizange ngibuyelwe yilutho mina. Kwaba yisipho engivele ngasipha umuntu engingahlobene ngalutho naye.'
'Kahle bo! Ungalokothi wenze ihlazo elinjalo.'

5.1.1 Yiluphi usizo olufunwa ngumukhwe kaMandlenkosi? (1)

5.1.2 Bhala izinto EZIMBILI ezazigodlwe ngumukhwe kaMandlenkosi. (2)

5.1.3 Zingaki izinyanga ayesezihlale ekhaya engasebenzi umukhwe kaMandlenkosi? (1)

5.1.4 Kungani kwakumele uMandlenkosi aye kobhala enkantolo nomakoti wakhe? (1)

5.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Umbiko owawazisa uMandlenkosi ngengozi evelele umakoti wakhe wafika:

A Ngesigijimi
B Ngocingo
C Ngencwadi (1)

5.1.6 Babethini omakhelwane bakaMandlenkosi uma sebehlekisa ngokuthi ushadile kodwa akahlali naye umakoti wakhe. (1)

5.1.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

**Bengizozithwala** ngikhululeke izindleko zomngcwabo. (2)

5.1.8 Chaza ukuthi yini eyenziwa nguMandlenkosi ukukhombisa ukuphatheka kabi kwakhe ngemuva kokuthola umyalezo wokuthi umakoti wakhe useshonile. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.1.9 Bhala izizathu EZIMBILI ezinikezwa/ezishiwo nguMandlenkosi ezenza angafuni ukuthwala/ukwelekelela umukhwe ngezindleko zomngcwabo. (2)

5.1.10 Uthini umbono wabazali bakaMandlenkosi ngodaba lokwelekelela/lokusiza ngezindleko zomngcwabo. (2)

5.1.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umuntu owalahlekelwa kakhulu ngokushona kukamakoti kaMandlenkosi ngubaba wakhe umakoti kunoMandlenkosi? Sekela. (3)

***UMUNWE*: S Zimema**

5.2 Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

Kunjengoba kade ngishilo ngathi bahle abantu lapha, kodwa kukhona oyedwa okuthi uma ngimbuka, luvele lungithi heqe uvalo. Nanguyana manje ehleli yedwa laphaya ngasekhoneni. Sengathi yinkomo edla yodwa nje leya? Hhayi, mhlawumbe kwenziwa wukuthi ngivamise ukumbona eyedwa. Kufanele ngisheshe, ngithathe ipuleti lami, ngihambe ngiyohlala eduze kwayo le ntokazi engigulisayo lapha ngaphakathi. Kufanele ngisheshe ngoba isikhathi sekhefu sincane, kanti kuningi okufanele ngikukhulume naleya ntokazi. Ngifuna ukuthola umuntu engizohlekisana naye, khona lapha ngaphakathi esibhedlela. Ngifuna abe munye nje kuphela, hhayi inqwaba. Angifuni ukuba nezintombi eziningi endaweni eyodwa. Lokho kudala izinkulumo eziningi kanye nezingxabano ezingapheli. Mina ngiyazithanda.

Angifuni igama lami lihuduleke phansi. **Yehlisa isithunzi** indaba yokubangwa yizintombi. Yimbi leyo nto. Ayibukeki. Iletha amakhulu amahloni. Nangaphandle kokuthi kubuye kwehlise isithunzi ukuqonywa kakhulu, isikhathi asisavumi neze. Umuntu sekufanele anamathele kulowo muntu wakhe oyedwa.

Angazi ukuthi yini le eyenza ukuthi silutheke, sibe nesibindi sokuyosukela abantu esingabazi ukuthi banjani, baphila yiphi impilo. Kuqala amasoka ayebulawa yizishimane ezinesikhwele. Izishimane lezo zazikhwelezela izintombi zazo. Namhlanje amasoka asevele azifele wona, engadutshulwanga, futhi engagwazwanga yizishimane. Okubuhlungu yikho ukuthi amasoka lawa abulala nabantu abangenacala, ngaso lesi sikhali esingabonakali.

5.2.1 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Le ndaba yenzeka esibhedlela sase:

A King Edward
B Edendale
C Greys (1)

5.2.2 Wenza msebenzi muni umbhali wale ndaba? (1)

5.2.3 Njengoba esanda kufika nje umbhali kulesi sibhedlela kunento eyodwa afuna ukuyithola. Shono ukuthi yini leyo. (1)

5.2.4 Ngubani igama le ntokazi engumhlengikazi kulesi sibhedlela umbhali afuna ukuba nobudlelwano nayo? (1)

5.2.5 Bahlangana kuphi umbhali nale ntokazi ayefuna ukuthi imqome? (1)

5.2.6 Wabanjwa kanjani umbhali wale ndaba ukuthi ushadile? (1)

5.2.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

**Yehlisa isithunzi** indaba yokubangwa yizintombi. (2)

5.2.8 Bhala into EYODWA umbhali athi kungaba nzima ukuyenza uma le ntokazi ayithandayo ingayibeka njengombandela wokuthi imqome. (2)

5.2.9 Waqamba amanga wathini umbhali wale ndaba ngesikhathi eshela le ntokazi? (2)

5.2.10 UZodwa ungumuntu oqotho. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI atholakala endabeni. (2)

5.2.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi wonke amadoda ashadile abonakala ngokufaka amaringi eminweni? Sekela. (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

## AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga noJJ Thwala

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo; umbuzo 6.1 nombuzo 6.2.

6.1 Funda inkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Inhlansi yakho Thuli – SB Mlambo**

Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni
Ngishiywe nguNontando dengwane
Amehlo anezithukuthuku zosizi,
Ngingaboni lutho wufasimba,
Kujuluke namehlo.

Ngakubona buqamama.
Ngakubona uyinhlansana.
Ngasondela, ngakubona ucwebezela.
Ngamangala, ngankema.
Ngakubona ungena kimi ngamehlo.
Ngezwa usuyifudumeza inhliziyo,
Yokhela, yalanguz' ilangabi.
Ngabuzwa ubulangulangu
Ngaziba, lakhula ilangabi.
Kokheleka nakwezinye izitho.

Ukunyamezela kwangiphika.
Ukubekezela kwanyamalala.
Wadlondlobala umlilo ngazidela.
Ngayihlomisa eyomlomo.
Ngayiphaka ezikhotheni zakwenu.

Ngakujuma ungazelele.
Ngakucoboshisa ngeyamazwi.
Ngagadla ngengedla wapaquza,
Ngabasela ngewisa ngakuguqisa,
Ngagwaza ngesijula.

Nganqoba ngingeqhawe.
Ngazihasha ngingembongi,
Yahlokom' imvelo.
Kwababakuhle konke.

Ngayithumb' eyakho inhliziyo,
Ngayokhelisa yokhela.
Kwahlangan' ilangabi.
Mawungacishwa muntu
Mawungacishwa mvula nomoya.

6.1.1 Ngesikhathi imbongi ihlangana noThuli yayikade ilahlwe ngubani? (1)

6.1.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ngesikhathi imbongi iqala ukubona uThuli yambonela:

A Eduze
B Kude
C Ehlane (1)

6.1.3 Kule nkondlo imbongi ikhuluma ngomlilo. Hlobo luni lomlilo lolu imbongi ekhuluma ngalo? (1)

6.1.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni engenhla:

A Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni (2)
B Ngakucoboshisa ngeyamazwi. (2)

6.1.5 Bhala uhlobo lwemvumelwano olutholakala kule migqa elandelayo:

Ngayithumb' eyakho inhliziyo,
Ngayokhelisa yokhela. (1)

6.1.6 Kusitanza sesi-5 tomula umugqa okhomba ukuthi imbongi iyigagu. (2)

6.1.7 Bhala uhlobo lwesifengqo oluqukethwe yilo mugqa olandelayo.

Yahlokom' imvelo. (1)

6.1.8 Shono ukuthi ukuxhumana siqalo okutholakala kule migqa elandelayo kunamuphi umthelela emqondweni wenkondlo:

Mawungacishwa muntu
Mawungacishwa mvula nomoya. (2)

6.1.9 Iluhlobo luni lenkondlo? Sekela. (2)

6.1.10 Ngamaphuzu AMABILI nikeza umqondo wale nkondlo. (2)

6.2 Funda inkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Kwamfaz' Ongemama – FF Mbatha**

Awuthunyelwa gundane
Ngidele konke ngayokwenda,
Ngidel' ikhaya likababa,
Ngadel' izihlobo nabangani,
Ngadela nezinkalo zakithi,
Uze ungilonde Mveli
Kwamfaz' ongemama.

Namuhla ngiqombol' izintaba,
Ngilibangise kwamfaz'ongemama.
Noma ngibangwa nezibi,
Liyophuma lithi
Ngiyatefa ngiyazenzisa,
Uze ungigcine Menzi
Lapho kwanhliziyo ngise.

Noma ngingayisisulu sikamamezala,
Noma angangicakafula angichaphe
Ngelumelayo yodwa,
Ngiyobekezela ngizithobe.
Mntanomuntu ngibekezele,
Ngigcine yonk' eyasemendweni.
Uz' ube yisihlangu sami Baba,
Lapho kwamfaz' ongemama.

Konke kwenzeka samlingo,
Nokho lolu thando luyithumbil' eyami,
Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini,
Ngiyazesaba ezakhona izehlo.
Nokho akusenani
Sengobekezela ngizithobe,
Kwamfaz' ongemama.

6.2.1 Ngokwale nkondlo kukuphi kwamfazi ongemama? (1)

6.2.2 Bhala amagama AMABILI asetshenziswe yimbongi asho uMdali. (2)

6.2.3 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala kule migqa elandelayo:

Noma ngingayisisulu sikamamezala,
Noma angangicakafula angichaphe. (1)

6.2.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:

A Awuthunyelwa gundane. (2)
B Noma ngibangwa nezibi. (2)

6.2.5 Esitanzeni sesibili caphuna umugqa ochaza ukuthi imbongi ihambe ibanga elide ukuze ifike kwamfaz' ongemama. (1)

6.2.6 Tomula imigqa EMIBILI lapho imbongi icela uMdali ukuthi abe ngumvikeli wayo. (2)

6.2.7 Tomula imigqa enemvumelwano etholakala esitanzeni sokuqala, bese usho ukuthi iluhlobo luni. (3)

6.2.8 Kungani imbongi isebenzise lesi senzasamuntu esilandelayo esitanzeni sesi-5.

Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini. (2)

6.2.9 Ngamaphuzu AMABILI bhala umqondo wale nkondlo. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**